



UMZABALAZO WENTSHA KUMELE UQALE NGOKUNAKEKELA IMPILO YAYO



Ukugujwa kwenyanga yabantu abasha kuhlezi kuvusa uhlevane nomunyu ngenxa yezinto ezenzeka phambilini. Amakhulu ngamakhulu abantu abasha babulawa ngesihluku mhla zingu 16 ku-June 1976 emuva kokulwisana noHulumeni wobandlululo.


[iyaqhubeka ekhasini 02 >>>](#)

Imisindo yokuqhuma kwezibhamu, ukuqhuma kwesililo kanye nezithombe zabafundi ababonakala bengakwazi ukuzivikela bebaleka begqoke umufaniswano wesikole bebalekela amaphoyisa ayeahlome eyizingovolo kugcinwe emabhukwini omlando ukuze singakhohlwa umlando wethu nesesidlule kukho. Lesi sigameko sibonisa ngokusobala ukuzidela okwenziwa ngabantu abasha ukuze intsha yanamuhla iphile impilo engcono. Yingakho intsha yanamuhla ibhekene nomsebenzi omkhulu wokuba ibhukule emzabalazweni


wayo ilwisane nesihlava sezifo ebhekene nazo okubalwa kuzo nobhubhane Iwe-Covid-19. Isifundazwe i-KwaZulu-Natal, njengezwe lonke laseNingizimu Afrika, sihlaselwe ingwadla yezifo okubalwa kuzo i-HIV, AIDS, STI's kanye ne TB. Izinga eliphezulu lokushona komama kanye nabantwana ngesikhathi sokuzalwa nokuvame ukudalwa ukukhulelwya kwezingane zisencane, izifo eziyimbelesela (umdlavuza, isifo sikashukela, ukukhuluphala ngokweqile kanye nomfutho wegazi ophezulu) kanye nokuhlukumezeka emoyeni

okudalwa izingozi zomgwaqo nodlame nakho kungezinye zezifo ezidlangile. Imiphakathi yakithi isabhekene nenkinga yegciwane le-HIV ne-AIDS, izidakamizwa nophuzzo oludakayo, ukukhulelwya kwezingane zisencane kanye nokuhushula izisu ngokungemthetho. Okuphinde kugqame ukuthi intsha eningi iphila impilo yokuhlala ingazivocavoci nokwenza kube lula ukuba ithole izifo ezifana nesifo sokukhuluphala ngokweqile, isifo sikashukela kanye nomfutho wegazi ophezulu.

UMnyango wezeMpilo esifundazweni i-KwaZulu-Natal uhlinzeka ngosizo Iwamahhala Iwezempiro olwehlukahlukene ukulekelela abantu abasha ukuba bafeze amaphupho abo. Lokhu kubala:



Amajazi amahala abantu besifazane nabesilisa



Ukusokwa kwabesilisa mahala (nokwehlisa amathuba okuthelelwya ngumuntu wesifazane ngegciwane i-HIV ngamaphesenti angu-60)



Ukululekwa ngokwengqondo mahhala kulaba abanenkinga yezidakamizwa kanye nophuzzo oludakayo



Umkhankaso iHlola Manje ohlinzeka abantu abasebancane kanye ne-Universal Test Treat (UTT)



Umkhankaso olwisanu nokuhushulwa kwezisu ngendlela engekho emthethweni




Ezokuzivikela ezifana nokusebenzisa izinto zokuhlela njengemijovo kanye namajazi okuzivikela

COVID-19 STATISTICS IN KZN

| 345 105 | 6 605 | 327 030 | 10 606 | 454 |
|---------------------------|--------------|----------------|---------------|------------|
| POSITIVE CASES IDENTIFIED | ACTIVE CASES | RECOVERIES | DEATHS | NEW CASES |

FRIDAY
18
JUNE
2021



Learn more to Be READY for #COVID19:
www.sacoronavirus.co.za

NICD Hotline: 0800 029 999
WhatsApp 'Hi' to 0600 123 456



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**

OKUYIKHO NGOSUKU LWABANTU ABASHA

**Yize abanye bethu bengaba nalo
ulwazi ngomlando wezidubedube
lapha eNingizimu Afrika kepha
nakhu okunye okuhlanu ngosuku
luka 16 June okungenzeka
ubungakwazi:**

1. Kulo nyaka lolu suku lwabantu abasha
kanye nenyanga yabantu abasha
luzogujwa ngaphansi kwesihloko esithi
“Unyaka ka Charlotte Maxeke:
Ukukhuphula izinga lokuqashwa
kwabantu abasha ukwakha umphakathi
obadakanya wonke umuntu.” UMama
Charlotte Maxeke waba ngowokuqala
omnyama eNingizimu Afrika ukukwazi
ukuyofunda enyuvesi athweswe neziq.


2. Umbhikisho wango June 16
wawuhlelwwe ukuba uzodonsa izinsuku
ezintathu nalapho kwakulindeleke ukuba
ugale mhlaka 16 June uze uphothulwe
mhlaka 18 June. Usuku lokugcina
okwabe kuzoba uLwesihlanu
kwakuhlelwwe ngalo ukuba abafundi
babhikishe balibangise e-Orlando
Stadium.

3. Usuku Iwangomhlaka 16 June
Iwaqanjwa ngokuthi usuku Iwentsha
ukugubha intsha eyabamba iqhaza
ekuketuleni umbuso wobandlululo.

4. Cishe babalelwu ku-700 abafundi
ababesakhula abalahlekewa izimpilo
zabo ngalolu suku oluwundabuzekwayo.

5. Ngaphambi kokuba iNingizimu Afrika
ibuswe ngokwento yeningi,
uHulumeni wobandlululo wawuhlinzeka
imali engu-R644 kumfundi ngamunye
omhlophe bese kuthi umfundi omnyama
ahlinzekwe ngo-R42 nje kuphela.

Uma sithatha ukubheka umlando wase
Ningizimu Afrika nokubheka ukuthi intsha
yazabalaza kangakanani ilwela
inkululeko, kubalulekile ukuthi sifunde
okuthize kulezi zigayigayi ezincane
ezasicabela indlela.



**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**



KwaZulu-Natal Department of Health



@kznhealth



KZN Department of Health



@kznhealth



**ASIBE NOMOYA
WENTSHA YANGO
1976
EKULWISANENI
NOBHUBHANE
I-COVID-19.**

**NGOKUBAMBISANA
SIZOYINQOBA
I-COVID-19.**



**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**



KwaZulu-Natal Department of Health



KZN Department of Health



@kznhealth



@kznhealth

LULETHE INTOKOZO UHLELO LOKUGOMELA I-COVID-19

KUBANTU ABADALA



Abantu abadala bakhombisa ukulithakasela ithuba eseligcine lifikile nakubo lokuba bagonywe njengoba uhlelo lokugoma seluqondene nabo. Ihlandla lesibili lokugomela igciwane le-Covid-19 lubhekelele ukugoma abantu asebekhulile ngokweminyaka njengoba kugoma labo abaneminyaka engu 60 kuya phezulu kanye nalabo abanezifo ezingamahlalakhona.



Abanye babantu abadala bathi bazibhalise bona ohlelwani lokugoma njengoba besebenzise uhlelo Iwezobuchwepheshe olwaziwa ngokuthi yi-Eletronic Vaccination Data System (EVDS) etholakala kwi internet kanti abanye bathi bazibhalisele eMnyangweni besizwa ngabahlengikazi kanye namalungu eminden i yayo esencane.

UMnuz Bonginkosi Praisegod Chonco oneminyaka yobudala engu-64 wase Thornville uthe yena usizwe indodakazi yakhe engumhlengikazi. Utte ubelulindele ngabovu lolu suku lokugoma futhi ezitshelile ukuthi akaphindeli ekhaya engagomile, usengavele alale khona esikhungweni sokugoma.

“Ngithokoze kakhu lu ngoba kade ngalilindela lolu suku lokuba ngigome njengoba ngisanesifiso sokuphila isikhathi eside. Bengizishayevela mathupha imoto ngesikhathi ngiza kodwa ke angazi noma kukhona yini ukugula engizoba nakho ngenxa yomjovo okungaholela ekutheni ngibe nenkinga yokuzishayevela. Ngifuna ukubuyela ekhaya ngiyophumula nje uma ngiqeda ukugoma. Ngikubona kubalulekile ukuthi ngigome ngoba ekhaya sihlala nezingane ezincane,” kusho uChonco.

iyaqhubeka eka sini 07 >>>

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**



UNkk Toni Hanrahan, wase Winston Park ngase Gillits eHillcrest oneminyaka engu-60 yobudala uthe ubesendaweni yase Pietermaritzburg izinsuku ezimbili lapho ebeye esontweni lakhe ebelinenkomfa yokukhetha ubuholi nokuyilapho ebone ithuba lokugoma nangempela wagoma kanye nozakwabo asonta nabo bagomela e-Royal Agricultural Showgrounds. Uthi ubesazizwa ewumqemane ngisho emuva kokugoma futhi uthanda nokugquqquzelab nabye ontanga yakhe ukuba baye kogoma.

“UDokotela Mkhize wakhulumathu wasichazela ukuthi ezinsukwini ezingu-14 ugomile uyobe usuvuna izithelo ezinhle zokugoma kanti emuva kwamasonto amathathu uyothola umgomo wokugcina nokuyobe sekuchaza ukuthi uma kwenzeke ugula uphathwa yi-Covid-19, izimpawu ngeke zisaba mandla kakhulu uma uqhathaniswa nabantu abangagomile,” kusho uHanrahan.

“Ngizimisele nanokuvakasha nje uma kuvulwa imingcele yethu. Kumele ugome uma ufunya ukuvakasha uye e-Europe noma ilaphi la ufunya ukuya khona. Sinabangani bethu asebegomile abahlala e-UK abanye abahlala e-United States esababuza ukuthi bazizwa kanjani uma sebegomile basitshela ukuthi abakaze bahlangabezane nezinkinga bayaphila bayimiqemane. Njengoba sithi sifuna ukuhamba nje yingoba sifuna lento esibhekene nayo iphele ngoba izimpilo zethu zimile ngenxa ye-Covid-19. Ukuthola umgomo ngenye yezindlela engasilekelela iphinde ilekelele nabezempilo ukuba bagweme ukuba nenqwaba yabantu abangenisa ezibhedlela ukuze nabo bathole ithuba lokuphumula.”



UNkk Shobana Maharaj oneminyaka yobudala engu 60 ohlala endaweni yase Raisethorpe e-Pietermaritzburg uthe wabhalisa ukugomela i-Covid-19 esebebenzisa ubuchwepheshe kanti uthi akabanga nankinga ngesikhathi ebhalisa. “Ngicabanga ukuthi kumqoka ukuba sizivikele futhi sizigade kuleli gciwane. Mina sengigomile futhi ngizizwa ngikhululekile. Angazi ukuthi uzongiphatha kanjani umgomo kodwa kungcono ukuhlale uphephile,” kusho Shobana.

Uphinde watusa nabahlengikazi boMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal ngokusebenza ngokukhulu ukuzimisela nokushesha ukugoma abantu abadala. “Uma sifika ezikhungweni zokugoma sibuzwa iminyaka yethu bese siyiswa endaweni ehlukile kanti futhi asizange silinde kakhulu. Abahlengikazi babe wusizo olukhulu kakhulu,” kusho uShobana.



UMnuz John Douglas Wilson oneminyaka yobudala engu 80 ohlala eMhlanga naye uthe ubeyingxene yethimba ebelihlangene esontweni wase ethatha leli thuba lokuba agome e-Pietermaritzburg. Echaza mayelana nokumqoka bokugomela igciwane le-Covid-19, uMnuz. Wilson uthe, “Ngicabanga ukuthi kubaluleke kakhulu ukuba abantu bagome.

Ngingakujabulela ukuya e-England ngiyobona indodakazi yami kodwa angiboni ukuthi ngingakwazi ukuya khona uma ngingagomile ngakho ke kungcono njengoba sengigomile.”

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**

ABASEBENZI BOMMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL ABANGU 83% SEBEQINISEKISILE UKUTHI BAZOGOMA

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal wenze ucwaningo kubasebenzi boMnyango mayelana nokugomela igciwane le-Covid-19 nalapho abangaphezulu kuka 60% abacwaningiwe bevumile ukuthi bangabacebisa nabanye abantu ukuba bavume ukugoma.



Babalelwa ku-877 abasebenzi abacwaningiwe kusukela mhlaka 05 kuya mhlaka 12 May 2021 nalapho ucwaningo belugxile ekutholeni isipiliyonu kanye nemibono yabasebenzi boMnyango.

Lokhu kuvezwe ngumbiko ohlanganiswe uDr Elizabeth Lutge ongu-Director of Health Research and Knowledge Management and Epidemiology kanye no-Nkk Gugu Khumalo ongu-Deputy Director of Health Research and Knowledge Management.

“Ingxenye eningi yalaba akade beyingxenye yocwaningo bazwakalise izikhalo ngomugomo kodwa bekuyizikhalo ezingabandzi ukuthi baqhubeke nokufuna ukugoma. Bangamaphesenti angu-83 abaqinisekisile ukuthi bazogoma (yize benezikhalo ezithize). Okunye okuhle okugqamile ukuthi

bangamaphesenti angu-60 abaqinisekise ukuthi bazocebisa nabanye abantu ukuba bavume ukugoma. Lezi zindaba ezinhle zingasiza kakhulu ekutheni kuqiniswe umyalezo wokugqugquzelu ukuzinakekela ngokwezempiro,” kusho umbiko. Umbiko uphinde waveza ukuthi izikhalo bezidalwa imigomo ekhona eyehlukahlukene kanye nokuphinde kumiswe kohlelo lomgommo.

“Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi kumele nakanjani udaba lomgommo luchazwe ngendlela ukuze kungabikhona ukudideka futhi kungaphinde kube khona nokuphazamiseka,” kuchaza umbiko.

Umbiko uphinde waqhuba wathi, “UHulumeni kanye nabasebenzi bawo bangabantu abaseqhulwini ekudluliseni imininingwane eyiyo mayelana nomugomo. Babalelwa kumaphesenti angu-90 abathemba

uhulumeni, izinkampani ezikhiqiza umgomo kanye nososayensi ekulawulen iuhlelo lokugoma. Lokhu kuyizinkomba ezinhle ekufanele kwakhelwe kuzo ukugqugquzelu imikhankaso yezempilo.”

Abantu abanangi ababe yingxenye yocwaningi bebedabuka eThekwini (34%) naseMgungundlovu (26.2%). Izifunda ezakhele izindawo zasemakhaya ezinjengoMkhanyakude kanye neZululand zibe nezinombolo ezincane zababe yingxenye yocwaningo njengoba zombili zibe nenani labasebenzi abangu-28 (3.1%). “Imbangela yalokhu kungaba yizingqinamba zezokuxhumana njengoba ucwaningo belwenziwa ngobuchwepheshe.”

Ingxenye yeningi yabacwaningiwe bekungabasebenzi basema hhovisi (39.1%), bese kuba izikhulu

iyaqhubeka ekhasini 09>>>

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**

(10.6%) kanye neminye imikhakha (12.7). Inani elibe lincane kakhulu kube yilelo labasebenzi abanjengo nogada, abasebenzi basendaweni egcina izidumbu kanye nabasebenzi abasiza ngaphakathi ezibhedlela.

Ingxene eningi yabantu bebeneminyaka esukela ku 30 kuya ku 49 (59%) kulandele abaneminyaka engu 50 kuya ku 59 (27.7%). Bangu 870 abaphendule besho iminyaka yabo kwathi abayisikhombisa abazange bayidalule iminyaka yabo.

Ingxene eningi ngokobulili kube ngabantu besifazane (bebengu 598 kwabangu 873, okungamaphesenti angu 68.5%).

“Kumele abantu besilisa babe yingxene enku lu ngaso sonke isikhathi ikakhulukazi ezintweni eziphathelene nezempilo ukuze kuqinisekiswe ukuthi banowazi olufanele ngomugomo futhi banentshisekelo yokugoma,” kuchaza umbiko.

Kwabangu 779 abaphendule umbuzo wokuthi ngabe bakulungele yini ukugoma, amaphesenti angu 48 (373) bathe bakulungele futhi bayakuthokozela ukuthi bazogoma ngoba abanankinga nakho.

Abangamaphesenti angu 35 (273) bathe bayakuthakasela ukuthi ukuthi bazogoma yize benazo izinkinga ezincane mayelana nomugomo kwase kuthi abangamaphesenti angu 17 (133) abakulangazelele ukugoma ngoba banezinkinga.

Okunye okumqoka kakhulu ngalombiko ukuthi abangamaphesenti angu-60 bathe bangabacebisa abanye abantu ukuba bagome. Bangamaphesenti

angu-20 abathe bona ababoni ukuthi lomgomu uzosiza ukunqanda ukuthola leli gciwane i-Covid-19 njengoba bephinde bacacisa ukuthi sezibe ningana izigameko ezimataniswa nalomgomu.

Yize abezindaba sebebike ukuthi izifo ezimayelana namahlubi egazi yizo ezivame ukutholakala emuva kokugoma, bangamaphesenti angu 15 kuphela abakholelwa ekutheni ngempela maningi amathuba okuba namahlubi egazi ngenxa yomgomu.

Bangamaphesenti aphakathi kuka 8 kuya 10 abathe bona ababethembu ososayensi, uhulumeni kanye

nabakhiqiza imigomo mayelana nohlelo lokugoma.

Kuphinde kwavela nokuthi izizinda zomthombo zabasebenzi ngemininingwane emayelana negciwane i-Covid-19 bekuba umqashi (36%), umabonakude (28%), izinkundla zokuxhumana (26%) kanye nabantu abasebenza nabo (16%)

Cishe bafike kwingxene (42%) abasebenzi abathi bayazi ukuthi kumele basebenzise muphi umthombo uma befuna iminininingwane ethinta i-Covid-19.

| | Isititimende | Yebo (N) | Yebo (%) |
|---------------------------|--|----------|----------|
| OKUSHWOYO | Angikholelwa ekutheni umgomo uzosiza ukugwema i-Covid-19 | 170 | 19 |
| | Ngiyakholelwa ekutheni maningi kakhulu amathuba okuthi umugomo uzongigulisa | 86 | 10 |
| | Ngiyakholelwa ekutheni kuningi kakhulu okubi okuzongehlekela ngenxa yomugomo | 165 | 19 |
| | Ngiyakholelwa ekutheni maningi amathuba okupathwa amahluli egazi ngenxa yegazi | 131 | 15 |
| | Ngiyakholelwa ekutheni umugomo unobuthi | 72 | 8 |
| | Angibethembu abakhiqizi bemigomo | 81 | 9 |
| | Angibathembu ososayensi abagqugquzela umugomo | 69 | 8 |
| | Angiwuthembu uHulumeni ekugqugquzeleni umugomo | 89 | 10 |
| | Ukumiswa kohlelo lokugoma isikhashana kungenze nganokungabaza | 233 | 27 |
| | Ziyangidida lezi zinhlobonhlobo (Pfizer, J&J etc.) zemigomo | 214 | 24 |
| IMINININGWANE YE COVID-19 | Izinkolelo zami ziyaphikisana nokugoma | 29 | 3 |
| | Imininingwane eminingi mayelana nomugomo ngiyithola ezinkundleni zokuxhumana | 228 | 26 |
| | Imininingwane eminingi mayelana nomugomo ngiyithola emaphephabeni | 144 | 16 |
| | Imininingwane eminingi mayelana nomugomo ngiyithola emsakazweni | 170 | 19 |
| | Imininingwane eminingi mayelana nomugomo ngiyithola kumabonakude | 246 | 28 |

IZINCOMO ZALABO ASEBEGOMILE

UMnyango usuthole izincwadi eziningi kulabo abadlulisa ukuncoma kwabo emuva kokugoma ezikhungweni zoMnyango ezechlukene, abanye abebeqala ukusebenzisa izikhungo zezempiro zikahulumeni kanjalo nabezindaba ababika izindaba ezinhle ngohlelo lokugoma.

NGISETHULELA ISIGQOKO ISIBHEDLELA I-GENERAL GIZENGA MPANZA HOSPITAL (ISIBHEDLELA SASE STANGER)

Ngithole umjovo wami wokugoma wakwa Pfizer namuhla. Sikhethie ukuyogoma esibhedlela somphakathi. Konke kuhambe kahle kakhulu njengoba yonke into beyihlelekile futhi wonke umuntu enobuntu nobekwenza kwehle nezinga lokwethuka. Lonke uhlelo beluhamba kahle futhi kungalindwa isikhathi eside ngaphandle kwalesi semizuzu engu-15 ekumele usilinde uma usuqede ukuthola umjovo bese emuva kwalokho uhambe ngokuvalaiswa kamnandi yibo bonke abantu abakhona.

Ngisho wona umjovo uqobo ubungeyona inkinga. Ngithanda ukubonga bonke abasebenzi besibhedlela i-General Justice Gizenga Mpanza Hospital (okuyisibhedlela esise Stanger) ngibathulela isigqoko ngomsebenzi wabo oncomekayo. Ngithanda ukuncoma nobuholi kanye nabo bonke abasebenzi abenza umsebenzi obucayi, siyaziqhenya ngani. Ngiyabonga kakhulu, uNkulunkulu abusise izingalo zenu ngamandla amaningi.

UMSEBENZI ONCOMEKAYO ESIBHEDLELA SASE QUEEN NANDI REGIONAL HOSPITAL

Kuhle ukuncoma uma kunesidingo. Indlela engaphatheka kahle ngayo mhla ngiyogomela i-Covid mhlaka 12 iyancomeka kakhulu. Indlela nje bonke abasebenzi ababewusizo ngakhona kusukela konogada kuya kulabo ababhalisayo, abahlengikazi kanye nabaphathi iyancomeka. Lonke uhlelo lwahamba kahle kakhulu futhi kukhombisa ukuthi luhlelwé ngendlela. Indlela abasebenzi ababemamatheka ngakhona yayincomeka uma ubheka izimo ezinzima abasebenza ngaphansi kwazo.

Olayini babelawulwa ngendlela nokwenza ukuthi lonke uhlelo luhamba kahle. Ngithi nje bonke abasebenzi base Queen Nandi Hospital abaqhubeke nomsebenzi oncomekayo. Umsebenzi wenu oncomekayo emphakathini nakubantu base Richards Bay nase Mpangeni asisoze sawukhohlwa.

- Daniel Frank

ALISHA KALOPDEO > KWADUKUZA – ILEMBE PUBLIC MATTERS & REPORTING

Amazwi okudlulisa ukubonga:

Ngesonto mhlaka 23 May uMama kanye no-Aunty wami baya eTown Hall ukuyogoma. Safika ngo 08h30 base bejoyina ulayini esawufica usezansi ngasesiteshini sikagesi. Kuthe uma kugamanxa ihora leshumi bangena ngaphakthi bagoma base beya egumbini lokulindela ukuhlola ukuthi abanazinkinga ngenxa yomugomo emuva kwalokho base bahamba.

Kulamahora amabili ngesikhathi besalindile, bonke abasebenzi bebewusizo futhi benakekelana. Onogada nabo bebesiza ukuthi ulayini uhambe kahle belekelela nabantu abadala abanenkinga yokunyuka izitebhisi kanye nokubheka labo abadinga usizo lokubhalisa. Emuva kwalokho ubudluliselwa kubahlengikazi abathatha yonke imininingwane yakho futhi bekwenza lokhu bemamatheka benesineke.

Abazange bangivumele ukuba ngingene ngaphakthi njengoba bekuvunyelwe labo abazogoma kuphela. UMama uphinde wancoma ukuthi nangaphakthi abasebenzi bebewusizo kakhulu. Uyancomeka lomsebenzi omuhle kangaka ezikhathini ezinzima.

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**



KwaZulu-Natal Department of Health



KZN Department of Health



@kznhealth



@kznhealth

Siyabonga kubaphathi abathathe isinqumo sokuba kuge khona isikhungo i-Thibothin Community Health Centre, lesi sikhungo senza omukhulu umehluko.

Sengcabanga nokucisha i-Medical Aid yami uma uzofika esikhungweni sikahulumeni uthole ukusizakala kanje, uDokotela ufika mathupha. Kumele zande izikhungo zomphakathi ezingama CHC uma kuhamba kahle kanje, nginichoma uphaphe Iwegwalagwala.

- **Mrs Ayanda Gumedé**

UMYALEZO OBHEKISWE EHHOVISI LIKA MEDICAL MANAGER

Ngithanda ukudlulisa ukubonga kuwe kanye nalo lonke ithimba lakho ngomsebenzi oncomekayo nangendlela okuhamba ngakhona ihlandla lesibili lokugoma e-PMMH. Abantu abadala abaneminyaka engaphezu kuka 60 bakuthokozele kakhulu ukunakekelwa kulesi sikhungo. Qhubekani nomsebenzi wenu omuhle.

Ngiyabonga

- **Dr Terishia Hariram**

IZINCOMO NEZIKHALAZO - SOUTH COAST KZN

Namuhla ngithole umugomo wami e-Port Shepstone Hospital, ngithanda ukubonga kakhulu kubo bonke abasebenzi ngokukhulu ukuzimisela.

LUHAMBA KAHLE UHLELO LOKUGOMA EMUVA KWEZINKINGA

Isifundazwe i-KwaZulu-Natal iqale uhlelo Iwesigaba sesibili lokugomela i-Covid-19 ngoMsombuluko mhlaka 17 May. Abantu abadala abaqhumuka kuwo wonke amazinga empilo bavakashela izindawo zokugoma eziseduzane ukuyothola umgommo. Isibhedlela i-GJ Crookes Hospital besiphithizela njengoba abasebenzi bezempilo bebegoma amakhulu abantu abegcwele esibhedlela ezogoma. IMeya yoMkhandlu Ugu District uKhansela Sizwe Ngcobo uhole ithimba ebelihlolola ukugoma esibhedlela i-GJ Crookes ngoLwesithathu lomhlaka 19 May. Unxenxe izikhulu zesibhedlela ukuba zizame ukufinyelela kubantu ikakhulukazi labo abakhe endaweni yasemakhaya njengoba abanye babo bengenabo omakhalekhukhwini nokwenza kuge nzima ukuba bakwazi ukubhalisela ukugoma futhi abazi nokuthi bangaqala baphume bebekezeli.

USomlomo woMkhandlu Ugu District, uKhansela NH Gumedé uhole ngesibonelo ngesikhathi ethatha umgommo wakhe njengengxene yokugquqquzelu abantu abadala ukuba babe yingxene yohlelo lukazwelonek lokugoma. UNkk Mary Mosley (73) wase Scottburgh uthe ubezijabulele ngesikhathi esaxilongwa ngaphambi kokuba agome esikhungweni sokugoma. Yize uhlelo lokuqala ukugoma kulesikhungo luqale ngokuba nezinkinga, loyo oyibamba lesikhulu esiphezulu kulesi sibhedlela uDokotela V Kgabo unxuse labo abeze esibhedlela ukuba babekezeli.

UDokotela Kgabo uthe kushaye usuku IwangoLwesithathu womhlaka 19 May isibhedlela GJ Crookes ibisigome abantu abadala abangu 1 515. Utethe ukuqaphelile ukuthi olayini bebebade kakhulu kanti kungasiza uma abantu abadala bengaqale bebhaliise kuqala ukuze kugwemeke ukulinda isikhathi eside. Uphinde wathi bekukhona nabantu abebezogoma bengabhalisile kodwa nabo bakwazile ukubasiza. Utethe kuzovulwa ezinye izikhungo endaweni eyakhele noMdoni ukuze uhlelo lusheshe.

IMeya yase-Umdoni Municipality uKhansela Sibongile Khathi ugquqquzele labo abangakabhalisi ukuba baphuthume babhalise. "Isivungu sesithathu sesisondele ngakho ke kubalulekile ukuthi abantu abadala bagome."

Ngesikhathi bonke abanye abantu besalindele ukugoma, umphakathi uyanxuswa ukuba uqhubeke nokuthatha izinyathelo ezintathu ezimqoka eziwukugqoka kwesifonyo, ukuhlamba izandla kanye nokuhlala ngokuqhelelana ngaso sonke isikhathi.

**GROWING
KWAZULU-NATAL
TOGETHER**



KwaZulu-Natal Department of Health



KZN Department of Health



@kznhealth



@kznhealth



COMPILED BY:

CORPORATE COMMUNICATIONS
(KWAZULU-NATAL DEPARTMENT OF HEALTH)

TEL: 033 395 2547 OR 033 395 2653 | FAX: 033 342 9477

**SEND STORIES YOU WOULD LIKE TO FEATURE
ON THE KZN HEALTH CHAT BULLETIN TO:**

healthchatbulletin@kznhealth.gov.za

